

**GREY'S HOSPITAL
USOMQULU WAMALUNGELO EZIGULI**

**ZONKE IZIGULI ZINAMALUNGELO ALOKHU OKU-
LANDELAYO**

1. Ukuphathwa ngenhlonipho, banikwe isithunzi, nothando ngokuzithoba baphathwe ngendlela yokuthi izimfihlo zokugula kwabo zihlonishwe ngesikhathi belashwa.
2. Kufanele banikwe usizo oluphuthumayo futhi baphathwe Abantu abanolwazi kwezokwelapha.
3. Banikwa ulwazi oluqondene ngqo nesimo sempilo yabo batshela ngikucuthungulwa, inqubo nokwelashwa konke okuphathelele nomuntu. Uma engaphazamisekile emqondweni akanalo ilungelo lokwenqaba unyango.
4. Unalo ilungelo lukunika imvume ngokwakhe emuva kwencazelo ngalokho okuzokwenziwa okuphathelele nokwelashwa
5. Unelungelo lukunikwa ukwelashwa okuqondene ngqo naye ngaphandle kukubheka ukuhlanga, isiko, iminyaka, inkolonoma ngabe yisiphi esinye isizathu
6. Unelungelo lokukhalaza futhi lezikhalo zakhe ziphathwe ngendlela egculisayo ngesikhathi esifanele
7. Unelungelo lokuba nabavakashi ngokwenqubo yesibhedlela
8. Unelungelo lokuthola usizo endaweni enenhlanzeko nephephile isesibhedlela
9. Unelungelo lokufa ngenhlonipho eduduzekile

Ukuze siphumelele ukwenza okungenhla kumele sibambisane neziguli

OKUBHEKWE ESIGULINI

Kubhekwe ukuba iziguli zilandele lemigomo

1. Kumele ziphathe kahle abasebenzi bezempilo, nezinye iziguli kanye nabavakashi ngenhlonipho
2. Kumele zilandele yonke imigomo, nemqubo yesibhedlela
3. Kufanele zinike lonke ulwazi olufanele olumayelana nesimo sezimali sakhe kanye naye uqobo lwakhe
4. Makakumele ukukhokha zesibhedlela ngoba kuhleliwe
5. Makazi ukuthi ezinye izidingo zifanele ukufezeka kuqala kunezakhe
6. Makanike ulwazi olufanele, oluqondile oluneqiniso ngesimo sokugula kwakhe futhi athathe imithi ngokufanele.



ISIBHEDLELA I GREY'S: PIETERMARITZBURG

**IZINDLELA OKUMELE ZILANDELWE LAPHO KULALISWA LABO ABALALISWA
NGOKWEJWAYELEKILE NALABO ABALALISWA
NGOKUPHUTHUMA**

- **UKULALISWA KOMUNTU OSUKE ELINDELWE:**
Imininingwane yesiguli ihanjiswa lapho kwakumelwa khona abagulayo ngosuku nangesikhathi esifanele njen-goba kusuke kubhalwe ekhadini lokungena
- **UKULALISWA KOMUNTU ODINGA USIZO OLUPHUTHUMAYO:**
Noma ngubane odinga usizo oluphuthumayo kufanele asiwe lapho kubonwa khona abaqalayo abaphuthumayo

UKUKHOKHA

Abakhulelwe nezingane ezineminyaka eyisithupha nangaphansi abakhokhi, ezinye iziguli zikhokha ngangokuhola kwabo

IZIKHATHI ZOKUVAKASHA

**13:00 ntambama — 14h00 ntambama
19:00 ebusuku— 19:30 ebusuku**

Isiguli sivunyelwe izivakashi ezimbili
Izingane ezineminyaka engaphansi kweshumi nambili azivunyelwe. Zivunyelwe uma kuyizingane zesiguli.
Umphathi wewodi uyena onika imvume yokuthi isiguli singabonwa yizingane

OKUFANELE ISIGULI SIFIKE NAKHO

Umazisi
Ikhadi le Medikhali
Insipho ne thawula lokugeza
Umuthi wokuxubha nesixubho
Imali yokushaya ichingo
Izingubo zokugqoka uma usuya ekhaya
Ikheli lendawo ohlala kuyo
Inombolo yocingo
Ikhadi lasemtholampilo
Imithi oyithatha njengamanje

**AKUVUMELEKILE UKUBHEMA E
GREYS HOSPITAL**

TEL:033 897 3000

USOMQULU WOKUZINIKELA EKUNIKENI UNYANGO OLUPHEPHILE

Thina esibhedlela e Greys Hospital sitholakala ku Town bush Valley Road Chase Valley eMgungundlovu.

Inombolo yocingo lwethu ithi 033 897 3000
Isikahlahamezi 033 897 3459
Ikheli lethu lithi Private Bag X9001, Pietermaritzburg, 3200

INJONGO YETHU

Ukuba sinike unyango lwezempilo oluphelele kubantu bonke baMaphakathi Nabase Nyakatho yesifundazwe SakwaZulu Natal

UMHLAHLANDLELA

Thina basebenzi basesibhedlela e Greys sizimisele ukunika usizo lwezempilo olusezingeni eliphezulu oluhambisanayo nemithetho yezwe kanje:

- Siphakamise isithunzi nokuhlinopheka kwempilo yomuntu
- Siqhakambise isiko lwenhlonipho, ukunakekela iziguli abasebenzi kanye nemindeni yabo
- Sakhe ukusebenzisana nomphakathi esiwusebenzelayo
- Sisebenze njengeqembu elimikhakaha ehlukeneyo
- Sisebenze njengeqembu elimikhakaha ehlukeneyo ngempumelelo
- Selekelele ukuba sakhe umsebenzi ngamunye ukuba ahlale eseqephelweni eliphezulu
- Sithole imiqondo emisha neyongayo ekusebenziseni lokho esinakho
- Sibambisane nenqubekela phambili kanye nezindle zempilo eziphephile.

Isibhedlela sase Greys simukela iziguli ezidinga unyango oluseqephelweni eliphezulu kwalolo olutholakala eClinic, naku District hospital.

Simukela iziguli ezigula kakhulu (Regional and Tertiary level) esezidinga ubuchwepheshe obukhulu, zizodinga zifike nencwadi ezidlulisayo (referral letter). Uma iziguli zidinga unyango oluphuthumayo njenogokulimala nokunye zivunelwe ukusebenzisa isibhedlela esiseduzane ngisho ne Greys.

- | | |
|----------------------------|-----------------------------|
| 1. Surgical/ Trauma | 13. Physiology |
| 2. Medicine | 14. Occupational Therapy |
| 3. Paediatrics | 15. Dietetics department |
| 4. Orthopedics | 16. Speech & Hearing dept |
| 5. Obstetrics & gynecology | 17. Social workers |
| 6. Ophthalmology | 18. Radiotherapy & oncology |
| 7. Anesthetics | 19. Pharmaceutical |
| 8. Urology | 20. Plastics surgery |
| 9. ENT | 21. Neurology |
| 10. Maxilla facial surgery | 22. Laboratory |
| 11. Radiology | |
| 12. Cardiology | |

Ukunika konyango kuhambisana nimigomo eyisishagalombili ye "BATHO PELE" (umphakathu phambili) ethi:

Xoxisana nibonisane nomphakathi ngonyango enilunikayo

Yazisa umphakathi ngenqubo esetheziswa ekunikeni unyango Sigcizelela ukuthi usizo esilunikayo lufinyelela ngokulinganayo kubobonke Abantu

Siphatha bonke Abantu ngendlela enenhlonipho

Sinika lonke ulwazi oluneqiniso oluphelele mayelana nonyango

Konke okwenziwa esibhedlela makube ngokusobala kungabib ikho okufihliwe

Siqinisekisa ukuthi unyango lwethu lusezingeni eliphezulu kube kusentshenziswa izindlela ezonyango

Sikhuthaza ukuvezwa kwemiqondo emisha futhi siklomelisa abasebenza ngikuvelele

Buka izinzuzo ezinhle esizihlinzekele amakhasimemde ethu.

Sizoqiniseka ukunika umhlahlandlela nobuholi obuqotho

Sizozimisela ukuba usizo lwezonyango olusezingeni eliphezulu

Uma kukhona lapho udideka khona noma unesikhalazo siza usibhalele siyokwenza konke okusemandleni ukuba siphendule ngokubhalela ezinsukwini eziyishumi kusuka siyitholile incwadi yesikhalazo

Uma iphutha lingakithi siyozama ngakhokonke okusemandleni ukulungisa ngokushesha.

Uma wena njengelinga lomphakathi ungasinika imibono enokusiza ezongoyo. Bhalela I Public Relations Officer ku Private Bag x9001 Pietermaritzburg 3200.

Dr KB Bilenge
Hospital Manager

Mrs KT Mckenzie
Nursing Manager

Dr L Naidoo
Medical Manager

Mr E.L. Madiba
Systems Manager

Ms T. W. Zulu
Human Resource
Manager

Mrs BG Anderson
Financial Manager

Mr JZ Mntungwa
Public Relations
Officer